



Together We Grow

OurShare

 Yiba nengxenye ye-Kerry

Ulwazi oluku-OurShare Q&A lusebenza kuwo wonke amazwe lapho i-OurShare itholakala khona. Ukuze uthole imininingwane ethile yezwe mayelana nemithetho nemibandela, ungafinyelela izinsiza zezwe lakho ku-OurShare hub.

OurShare – Yiba nengxenywe ye-Kerry

I-OurShare iwuhlelo lwethu lwabasebenzi bomhlaba wonke.

Iyindlela enhle yokukhula nathi futhi wabelane ngempumelelo yethu. Ngokuba umnikazi wamasheya e-Kerry, uthola ithuba lokuba yingxenywe yento enkulu – uzoba umnikazi wezingxenywe ze-Kerry.

Kodwa ngaphambi kokuthi unqume ukujoyina, kungenzeka ukuthi unemibuzo ethile. Kufanele uqinisekise ukuthi lolu hlelo luyakulungela – ikakhulukazi uma ungakaze uhlangane nezinhlelo zamasheya ngaphambili. Ukuze sikusize, sihlanganise le mibuzo nezimpendulo. Loluhlelo luzokusiza ukuthi wenze isinqumo esinolwazi mayelana nokuthi uzojoyina yini i-OurShare.

Sifake yonke imibuzo esicabanga ukuthi ungase ube nayo, kodwa uma unemibuzo esingakayiphenduli, xhumana ne-OurShare Champion yendawo yakho, noma Ithimba le-OurShare. Sizofaka umbuzo wakho ezinguqulweni ezizayo zale ncwadi ye-Q&A.

Siyethemba ukuthi uzojoyina ekubeni umnikazi wezingxenywe ze-Kerry, futhi uqale uhambo lwakho lokuba umnikazi wamasheya e-Kerry.

Siyabonga kusengaphambili

Ithimba le-OurShare

E: ourshare@kerry.com



Okuqukethwe

1. Ukwethulwa kwe-OurShare

6

- [1.1 Iyini i-OurShare?](#)
- [1.2 Iyini i-All-Employee Share Plan?](#)
- [1.3 Kungani i-Kerry inikeza i-OurShare?](#)
- [1.4 Yiziphi izinzuzo ze-OurShare?](#)
- [1.5 Ubani osiza ukuphatha i-OurShare?](#)

2. Kusho ukuthini ukuba nengxenye ye-Kerry

7

- [2.1 Ngiyithola kanjani ingxenye ye-Kerry?](#)
- [2.2 Asebenza kanjani amasheya?](#)
- [2.3 Abanikazi bamasheya bathola inzuzo ye-Kerry?](#)
- [2.4 Abanikazi bamasheya bangavota ezinqumweni ezinkulu zenkampani?](#)

3. I-OurShare ibhekele bani

8 - 9

- [3.1 Ubani ongajoyina i-OurShare?](#)
- [3.2 Kungani i-OurShare ingatholakali kuwo wonke amazwe?](#)
- [3.3 Ubani ongakwazi ukujoyina i-OurShare?](#)
- [3.4 Ngabe kufanele ngijoyine i-OurShare?](#)
- [3.5 Ingabe kudingeka kube nesikhathi esincane sokusebenza ukuze ngijoyine?](#)
- [3.6 Ngingajoyina uma ngiyingxenye yohlelo lwamasheya lwe-Kerry oluhlukile?](#)
- [3.7 Ngingajoyina uma ngiku-list yokulinganiselwa ye-Kerry?](#)
- [3.8 Ingabe i-OurShare iyahambisana neMithetho ye-Sharia?](#)

4. Isebenza kanjani i-OurShare

10

- [4.1.0 Isebenza kanjani i-OurShare?](#)

4.1 Amasheya Athengiwe

11 - 12

- [4.1.1 Ngizathenga kanjani amasheya?](#)
- [4.1.2 Sithenga kangaki amasheya?](#)
- [4.1.3 Mangaki amasheya engingawathenga?](#)
- [4.1.4 Kwenzekani uma ngingakwazi ukuthenga isheya eligcwele?](#)
- [4.1.5 Ngingawasebenzisa kanjani amasheya ami?](#)
- [4.1.6 Iyini intengo yesheya le-Kerry?](#)
- [4.1.7 Kwenzekani uma ngingakhokhelwa ngama-Euro?](#)
- [4.1.8 Iminikelo ithatha isikhathi esingakanani?](#)
- [4.1.9 Ingabe kukhona izindleko zokuthenga amasheya njalo ngenyanga?](#)

Okuqukethwe

4.2 Amasheya Afanisiwe

13 - 14

- [4.2.1 Ayini ama-Matching Shares?](#)
- [4.2.2 Mangaki amasheya engingawathola?](#)
- [4.2.3 Ngithola kanjani i-Matching Shares?](#)
- [4.2.4 Ngingawathola nini?](#)
- [4.2.5 Ngingawasebenzisa kanjani?](#)
- [4.2.6 Kwenzekani uma ngithengisa amasheya ami ngaphambi kweminyaka emibili?](#)
- [4.2.7 Ngiyakhokha intela kula masheya?](#)

4.3 Amasheya Enzuzo

15

- [4.3.1 Iyini i-dividend?](#)
- [4.3.2 Uma ngijoyina i-OurShare, ngiyawathola ama-dividends?](#)
- [4.3.3 Ngiwathola kanjani ama-dividends?](#)
- [4.3.4 Ngizothola malini kuma-dividends?](#)
- [4.3.5 Ngiyawathola ama-Matching Shares kuma-Dividend Shares?](#)
- [4.3.6 Ngiyawathola ama-Dividend Shares kuma-Matching Shares?](#)
- [4.3.7 Ingabe kukhona imingcele kuma-Dividend Shares?](#)

5. Ukunikela ku-OurShare

16

- [5.1 Nginganikela malini?](#)
- [5.2 Ngingakhokha yonke imali ngasikhathi sinye?](#)
- [5.3 Ngingayishintsha imali engiyikhokelayo?](#)
- [5.4 Kwenzekani uma ngingenayo imali eyanele ngenyanga ethile?](#)
- [5.5 Kwenzekani uma ngingumsebenzi wesikhathi esingaphelele?](#)
- [5.6 Kwenzekani uma ngingakhokhelwa njalo ngenyanga?](#)
- [5.7 Kwenzekani uma ngiku-leave ekhokhelwayo?](#)
- [5.8 Kwenzekani uma ngiku-leave engakhokhelwa?](#)

6. Ukujoyina i-OurShare

17 - 19

- [6.1 Ngingayijoyina kanjani i-OurShare?](#)
- [6.2 Ngidinga ukufinyelela kwi-inthanethi ukuze ngijoyine?](#)
- [6.3 Uma senginayo i-akhawunti ye-EquatePlus, ngidinga entsha ye-OurShare?](#)
- [6.4 Ngabe kufanele ngijoyine i-OurShare?](#)
- [6.5 Ngingayijoyina i-OurShare ngemuva kokuphela kwesikhathi sokubhalisa?](#)
- [6.6 Uma ngabhalisa ngonyaka odlule, ngidinga ukubhalisa futhi?](#)
- [6.7 Kwenzekani uma ngabhalisa eminyakeni edlule?](#)
- [6.8 Ngabe ngingaphinde ngijoyine uma ngabhalisa ngaphambilini kodwa ngahamba?](#)
- [6.9 Kwenzekani uma ngifuna ukwenza izinguquko ku-OurShare yalo nyaka?](#)
- [6.10 Ngingenzani ngamasheya ami avela emjikelezweni wangaphambilini we-OurShare?](#)
- [6.10.1 Amasheya avela ku-OurShare yangonyaka odlule](#)
- [6.10.2 Amasheya avela ku-OurShare yangonyaka odlule](#)
- [6.11 Ingabe i-OurShare ayinabo ubungozi?](#)

Okuqukethwe

7. Ukuphatha amasheya

20 - 21

- [7.1 Ngingawabuka futhi ngiwaphathe kanjani amasheya ami?](#)
- [7.2 Ngingaqinisekisa kanjani ukuthi ngithola izaziso nezibuyekezo?](#)
- [7.3 Ngingawathengisa noma ngiwadlulisele amasheya?](#)
- [7.4 Kukhona izimali zokuwathengisa noma ukuwathumela?](#)
- [7.5 Ngingathenga amasheya kwezinye izinkampani nge-akhawunti yami?](#)
- [7.6 Ngingathola imali esikhundleni samasheya e-Kerry?](#)

8. Ukuhamba

22 - 23

8.1 Ukuhamba ku-OurShare

22

- [8.1.1 Ngingayeka i-OurShare?](#)
- [8.1.2 Ngingayimisa okwesikhashana inkokhelo?](#)
- [8.1.3 Ngingayibuyiselwa imali yenkokhelo ngaphambi kokuthengwa kwamasheya?](#)

8.2 Ukuhamba kwa-Kerry

22 - 23

- [8.2.1 Kwenzekani uma ngihamba kwa-Kerry?](#)
- [8.2.2 Inkokhelo yami yokucina isebenza kanjani?](#)
- [8.2.3 Ngingaqinisekisa kanjani ukuthi ngisaziswa ngemuva kokuhamba?](#)
- [8.2.4 Ngiyawathola amasheya afanisiwe uma ngihamba kwa-Kerry?](#)
- [8.2.5 Ngisawathola ama-Dividends uma ngihamba kwa-Kerry?](#)
- [8.2.6 Kwenzekani uma ngihamba kwa-Kerry bese ngiphida ngibuya?](#)

9. Intela

24 - 25

- [9.1 Ingabe kukhona izinzuzo zentela uma ngijoyina i-OurShare?](#)
- [9.2 Amasheya abalwa kanjani intela?](#)
- [9.3 Yiziphi izintela ezikhokhwa ezingxenyeni ezintathu ze-OurShare?](#)
- [9.4 Ingabe kukhona okudingekayo engikubika eziphathimandleni zentela?](#)

10. Ozakwethu abashintsha amazwe (ukunyakaza kwamazwe omhlaba)

26 - 27

- [10.1 Ngiyafaneleka yini ukujoyina i-OurShare uma ngiku-assignment?](#)
- [10.2 Ngikhokhelwa ezweni elibambe iqhaza kodwa ngisebenza kwelinye; ngingayijoyina i-OurShare?](#)
- [10.3 Kwenzekani uma ngijoyina i-OurShare bese ngithuthela kwelinye izwe phakathi nohlelo?](#)
- [10.4 Izwe engihlala kulo njengamanje alinalo iqhaza ku-OurShare. Ngingayijoyina uma ngithuthela ezweni elibambe iqhaza?](#)

11. Incazelo yamagama

28

1. Ukwethulwa kwe-OurShare

1.1 Kuyini i-OurShare?

I-OurShare iwuhlelo lwe-Kerry lwe-All-Employee Share Plan, olunikeza ithuba lokuba nengxenye ye-Kerry. Ungathenga amasheya e-Kerry ngemali oyinikela kuyo eholelweni lakho lenyanga, futhi uthole amasheya angeziwe uma uhlangabezana nezimo ezithile. Njengoba uba umnikazi wamasheya e-Kerry, ungabelana ngempumelelo yesikhathi esizayo futhi ubone ukuthi indima yakho ixhumene kanjani ngokuqondile nokusebenza kwenkampani nokukhula kwayo.

1.2 Iyini i-All-Employee Share Plan?

Uhlelo lwamasheya luyindlela yabasebenzi yokuba nengxenye yenkampani abayisebenzelayo ngokuba ngabanikazi bamasheya. Izinkampani ezahlukeni zinezinhlelo ezihlukile zamasheya, ezihambisana nezidingo zazo. U-All-Employee usho ukuthi ivulekile kubo bonke abasebenzi – akukhawulelwe kubantu abambalwa kuphela.

1.3 Kungani i-Kerry inikeza i-OurShare?

Kwa-Kerry sizibophezele ekwakheni indawo yokusebenza ehlanganisayo, lapho bonke ozakwethu bezizwa bebalulekile futhi beqashelwa ngendima yabo ohambweni lwethu lokuba abaholi emhlabeni ekudleni okusimeme. Ozakwethu emhlabeni wonke basitshela ukuthi bafuna ukuzizwa bexhumene kakhulu nombono wethu, amagugu ethu nenhloso yethu.

Ngakho-ke, sakha i-OurShare, ukuhlangabezana nesifiso esinamandla sokwabelana ngempumelelo yethu. Siyiqembu elilodwa, iKerry eyodwa, esekelwe amagugu ethu okuba nesibindi, umoya wobuciko, ukuhlanganisa, ukuvuleleka nokuqonda, kanye nobunikazi. I-OurShare iyithuba lokwabelana ngempumelelo esiyidalayo ngobuchwepheshe bethu nesifiso sethu sokuphumelela. Sifuna ukukhuthaza isiko lobunikazi nomoya wobuciko.

1.4 Yiziphi izinzuzo ze-OurShare?

I-OurShare iyithuba lokuba nengxenye ye-Kerry futhi wabelane ngempumelelo yesikhathi esizayo. Uma ukhetha ukujoyina, uzokwazi:

- Ukuthenga amasheya e-Kerry njalo ngenyanga ngemali oyikhokhela kuyo eholelweni lakho.
- Ukuthola isheya elilodwa elengeziwe ku-Kerry njalo uma uthenga amasheya amathathu – ungawathola la masheya angeziwe ngemva kweminyaka emibili uma kufanelekile.
- Ukubona inani lotshalomali lwakho likhula uma intengo yesheya le-Kerry inyuka.
- Ukuthola ingxenye yenqubekela phambili ye-Kerry njengama-dividends.
- Ukwazi ukuvota ezindabeni ezithinta abanikazi bamasheya.

Imininingwane eyengeziwe mayelana nalezi zinzuzo itholakala kwezinye izigaba zale ncwadi ye-Q&A.

1.5 Ubani osiza ukuphatha i-OurShare?

Sifuna ukuba nolwazi oluphelele oludingayo mayelana ne-OurShare, ukuze wenze isinqumo esinolwazi. Ngakho-ke, sihlinceke ngenethiwekhi eqinile yokweseka.

Sisebenzisana ne-Computershare ukuphatha i-OurShare egameni lethu. I-Computershare iyinkampani yangaphandle enikeza wonke umuntu ojoyina i-OurShare i-akhawunti eku-inthanethi epulatifomu yabo ebizwa nge-EquatePlus. Sithumela iminikelo yakho ku-Computershare, bese i-Computershare ithenga amasheya futhi iwafake ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus.

2. Kusho ukuthini ukuba nengxenye ye-Kerry

2.1 Ngiyithola kanjani ingxenye ye-Kerry?

Njengazo ezinye izinkampani eziningi, i-Kerry ihlukaniswe yaba amasheya. Isheya ngalinye liyingxenye yebhizinisi, ngakho noma ubani ophethe isheya le-Kerry ungumnikazi we-Kerry. Umuntu ophethe isheya ubizwa ngokuthi umnikazi wamasheya.

2.2 Asebenza kanjani amasheya?

Wonke amasheya anenani elifanayo, amalungelo nezinsiza ezifanayo. Inani lesheya le-Kerry linqunywa ngabathengisi emakethe yamasheya. Intengo yesheya lethu ingashintsha ngenxa yezinto ezahlukene ezifana nokusebenza kwenkampani nezimo zemakethe. Kujwayelekile ukuthi intengo yesheya inyuke noma yehle njalo.

2.3 Abanikazi bamasheya bathola inzuzo ye-Kerry?

Yebo – uma senza inzuzo, ingxenye yale nzuzo iyakhokhwa kubanikazi bamasheya. Noma ubani ophethe isheya le-Kerry (kufaka phakathi ozakwethu ku-OurShare) unelungelo lenzuzo ye-Kerry. Lezi zinkokhelo zibizwa ngokuthi 'ama-dividends'. Zikhokhwa kusheya ngasinye, ngakho uma unamasheya amaningi, uthola inzuzo enkulu. Sivamise ukukhokha inzuzo kabili ngonyaka, ngoMeyi nangoNovemba – kodwa kuncike ekusebenzeni kwenkampani, ngakho-ke akusona isqinisekiso. Uma ujoyina i-OurShare, uzothola ingxenye yakho yenzuzo njengamasheya angeziwe (bheka isigaba se-Dividend Shares).

2.4 Abanikazi bamasheya bangavota ezinqumweni ezinkulu zenkampani?

Yebo – noma ubani ophethe isheya le-Kerry angavota emihlanganweni yabaphathi bezinkampani ezibhekene nezindaba ezibalulekile zenkampani, njengemigomo yenkampani nezinqumo ezinkulu zokuphathwa kwayo. Lokhu kufaka phakathi ozakwethu abajoyina i-OurShare futhi abaphethe okungenani isheya elilodwa. Isheya ngalinye lithwala ivoti elilodwa, ngakho uma unamasheya amaningi, ubananamavoti amaningi. Sizokwazisa ozakwethu abajoyina i-OurShare uma kunesikhathi sokuvota abangathatha kuso ingxenye.

3. I-OurShare ibhekele bani

3.1 Ubani ongajoyina i-OurShare?

I-OurShare ivulelekile kubo bonke ozakwethu be-Kerry. Ungabamba iqhaza uma:

- Uqashwe ngokuqondile yi-Kerry (ngokugcwele noma ingxenye yesikhathi). Lokhu kusho ukuthi abaqashwa ngezinkontileka abavumelekile.
- Uqashwe yi-Kerry okungenani inyanga eyodwa ngaphambi kokuvulwa kwesikhathi sokubhalisa. Lokhu kufaka noma ubani ojoyina ngaphambi kuka-1 Agasti.
- Uneminyaka engu-18 noma ngaphezulu uma ujoyina i-OurShare.
- Unayo ikheli le-imeyili (lomsebenzi noma elakho siqu) kanye nokufinyelela kwi-inthanethi.
- Usebenza futhi ukhokhelwa ezweni elibambe iqhaza.

Ukuqalwa kuka-2023	APMEA Australia, India, Indonesia, Singapore kanye ne-Thailand i-Europe Ireland, Spain kanye ne-United Kingdom
Ukuqalwa kuka-2024	APMEA China, Malaysia, New Zealand, Oman, kanye ne-UAE LATAM kanye ne-North America Brazil, Canada, Costa Rica, Mexico kanye ne-USA i-Europe Denmark, France, Germany, Italy, Netherlands kanye ne-Poland
Ukuqalwa kuka-2025	APMEA Cameroon, Hong Kong (China), Japan, Kenya, Nigeria, Republic of Korea, Rwanda, Saudi Arabia, South Africa, Tanzania, Turkey kanye ne-Uganda LATAM kanye ne-North America Argentina, Chile, Colombia, El Salvador kanye ne-Guatemala i-Europe Austria, Belgium, Czech Republic, Greece, Hungary, Luxembourg, Romania kanye ne-Sweden
Ukuqalwa kuka-2026	APMEA The Philippines, Vietnam i-Europe Ukraine

Kubasebenzi abahlala, abasebenza futhi abakhokhelwa emazweni amaningi, bheka '[Global mobility](#)'.

3.2 Kungani i-OurShare ingavulelekile kuwo wonke amazwe?

Sifuna bonke ozakwethu bakwazi ukujoyina i-OurShare, ngakho siyethula ngezigaba. Siqale ngamazwe angu-8 ngo-2023, sengeza angu-16 ngo-2024 kanye nezinye ezingu-25 ngo-2025 – okwenza kube ngu-49 konke.

Wonke amazwe akhethwe ngokucophelela ngemuva kokubuyekizwa okujulile kwezinto eziningi, kuhlenganise nemithetho yentela neyokulawula, ukuqinisekisa ukufakwa okusemthethweni nokushelelayo. Inhloso yethu ukuqalisa i-OurShare emazweni amaningi ngangokunokwenzeka, silethe leli thuba elijabulisayo kubo bonke ozakwethu be-Kerry.

3. I-OurShare ibhekele bani

3.3 Ubani ongakwazi ukujoyina i-OurShare?

Awuvumelekile ukujoyina i-OurShare uma:

- Awuhlangabezani nezimfuneko (bheka 'ubani ongajoyina i-OurShare').
- Usebenza ngesikhathi sesaziso sokuhamba – noma ngabe side kangakanani.
- Usebenza ngaphansi kwenkontileka yesikhathi esinqunyiwe futhi kulindeleke ukuthi uyeke ukusebenza kwa-Kerry ngaphambi kokuphela konyaka. Uma ufuna ukujoyina ngoSeptemba, kufanele usasebenza kwa-Kerry ngemuva kuka-31 Disemba walowo nyaka.
- Awuqashwanga ngokuqondile yi-Kerry. Lokhu kufaka abasebenzi bangaphandle, abaqashwa ngezinkontileka nabasebenzi bezinkampani zokuqasha.
- Uyinxenye yebhizinisi elitholwe yi-Kerry elingakahlanganiswa ngokuphelele.

3.4 Ingabe kufanele ngijoyine i-OurShare?

Cha, akuphoqelekele ukujoyina i-OurShare – kuyisinqumo somuntu siqu. Asikwazi ukukweluleka ukuthi kufanele yini ujoyine, kodwa sifuna ukukusiza wenze isinqumo esinolwazi. Ngakho, sifake izinsiza eziningi ku-[OurShare hub](#) – kuhlenganise nemithetho yohlelo nesibali. Uma usangabaza, ungathanda ukukhuluma nomeluleki wezezimali noma wentela.

3.5 Ingabe kudingeka kube nesikhathi esincane sokusebenza ukuze ngijoyine i-OurShare?

Sifuna i-OurShare ivulekele abaningi benu ngangokunokwenzeka, sidinga nje isikhathi esanele sokukufaka ohlelweni. Ngakho-ke, i-OurShare ivulelekile kuwe uma ususisebenze okungenani inyanga eyodwa kaKerry ngaphambi kokuqala kwesikhathi sokubhalisa. Lokhu kufaka noma ubani osebenza kwa-Kerry ngaphambi kuka-1 Agasti. Noma ubani oqala ukusebenza nathi ngemuva kuka-1 Agasti kuzomele alinde kuze kube unyaka ozayo ukujoyina i-OurShare.

3.6 Ngingajoyina uma sengiyinxenye yohlelo lwamasheya lwe-Kerry oluhlukile?

Yebo – i-OurShare ivulelekile kubo bonke, kuhlenganise nalabo asebekhona kwezinye izinhlelo zamasheya noma izinhlelo zokukhuthaza ze-Kerry. Lokhu kufaka izinhlelo zethu zokukhuthaza zesikhathi esifushane neside (STIP / LTIP).

3.7 Ngingajoyina uma ngiku-Restricted List ye-Kerry?

Uma ungumuntu 'ongaphakathi' ku-Restricted List ye-Kerry, ungajoyina i-OurShare kuphela ngesikhathi esivulekile futhi uma ungenalo ulwazi lwangaphakathi. Uzokwaziswa yiqembu le-Company Secretarial uma lokhu kukuthinta. Sicela ubheke i-Dealing in Securities Policy yethu kuwebhusayithi ye-intranet ye-myKerry ukuze uthole olunye ulwazi.

3.8 Ingabe i-OurShare iyahambisana neMithetho ye-Sharia?

Cha, i-OurShare ayihambisani neMithetho ye-Sharia.

4. Isebenza kanjani i-OurShare

4.0.1 Isebenza kanjani i-OurShare?

Ungajoyina i-OurShare ngesikhathi sokubhalisa sonyaka, esivulwa njalo ngoSeptemba. Ukhetha ukuthi ufuna ukunikela malini njalo ngenyanga unyaka wonke, bese i-payroll ithatha leyo nkokhelo emholweni wakho ngemva kwentela. Lokhu kubizwa ngokuthi inkokhelo, futhi kusetshenziswa ukuthenga amasheya egameni lakho.

Inkokhelo yakho iyakhishwa njalo ngenyanga kusukela ngo-Okthoba kuya kuSeptemba olandelayo. Futhi njalo uma uthenga amasheya, i-Kerry ikunikeza inzuzo eyengeziwe – uthola isheya elilodwa elengeziwe ku-Kerry njalo uma uthenga amathathu. Kufanele ugcine amasheya owathengile iminyaka emibili kusukela kumnikelo wakho wokuqala ukuze uvule la masheya angeziwe.

I-OurShare yakhiwe izingxenye ezintathu:

- **Amasheya Athengiwe** – amasheya owathenga ngenkokhelo yakho yanyanga zonke
- **Amasheya Afanisiwe** – amasheya owathola ku-Kerry: elilodwa njalo ngamathathu owathengile
- **Amasheya Enzuzo** – amasheya awengeziwe owatholayo uma i-Kerry ikhokha ingxenye yenqubekela phambili yayo kubanikazi bamasheya

4. Isebenza kanjani i-OurShare

4.1 Amasheya Athengiwe

4.1.1 Ngithenga kanjani amasheya?

Lokhu kuphethwe yi-Kerry egameni lakho. Uma ujoyina i-OurShare, ukhetha ukuthi ufuna ukukhokhela malini njalo ngenyanga unyaka wonke. I-payroll izothatha le nkokhelo emholweni wakho ngemva kwentela – uzokwazi ukukubona lokhu ku-payslip yakho. Sithumela le nkokhelo ku-[Computershare](#), ezothengela amasheya e-Kerry bonke abaku-OurShare emakethe evulekile.

Lawa abizwa ngokuthi Amasheya Athengiwe. Ngawakho. Ungawabona amasheya akho ku-akhawunti yakho ye-[EquatePlus](#). Lapho, ungawafinyelela kalula futhi uwathengise.

4.1.2 Sithenga kangaki amasheya?

I-Computershare izothenga amasheya ngomhla ka-15 njalo ngenyanga (noma ngosuku olulandelayo lokusebenza uma umhla ka-15 uwela ngempelasonto). Uma ujoyina ngoSepthemba, uzokwenza umnikelo wakho wokuqala ngo-Okthoba, bese amasheya akho okuqala ethengwa ngoNovemba. Lo mjikelezo uphindaphindeka njalo ngenyanga izinyanga eziyi-12.

4.1.3 Mangaki amasheya engingawathenga?

Inani lamasheya inkokhelo yakho engawathenga ingahluka. Kuncike ezintweni eziningi, kuhlenganise nalezi:

- Ubukhulu bemali oyikhokhelo, kanye
- Intengo yesheya le-Kerry ngesikhathi amasheya ethengwa, kanye
- Kulabo abangakhokhelwa ngama-Euro, izinga lokushintshisana kwemali.

Lezi zinto zonke zingahluka kumuntu nomuntu, nangenyanga nenyanga.

Ukuze ubone ukuthi lokhu kusebenza kanjani empilweni yangempela, vakashela i-[OurShare hub](#). Lapho, uzothola olunye ulwazi oluningi nezinsiza ezihlukahlukene.

4.1.4 Kwenzekani uma ngingakwazi ukuthenga isheya eligcwele?

Inkokhelo yakho yezinyanga zonke ingase ibe ngaphansi kwenani lesheya eligcwele. Kulokhu, inkokelo yakho ithenga ingxenye yesheya. Lawa abizwa ngokuthi amasheya angamagceke. Ngokuhamba kwesikhathi, lawa magceke azohlenganiswa abe isheya eligcwele.

4.1.5 Ngingawasebenzisa kanjani amasheya ami?

Uma usunawo amasheya ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus, ungakwazi:

- Ukuwathengisa wonke noma ingxenye yawo – kodwa uma uwathengisa ngaphambi kokuthi amasheya afanisiwe avuleke, uzolahlekelwa ilawo masheya angeziwe.
- Ukuwathumela ku-akhawunti yakho yomuntu siqu yokuhweba ngamasheya.
- Ukuwabeka ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus futhi uqhubeke nohambo lwakho njengomnikazi wamasheya e-Kerry, uthola ingxenye yenqubekela phambili yenkampani njengamasheya angeziwe, futhi uvote ezinqumweni zenkampani.

4. Isebenza kanjani i-OurShare

4.1.6 Iyini intengo yesheya le-Kerry?

Intengo yesheya lethu iyashintsha, kuya ngezinto ezahlukene ezihlanganisa ukusebenza kwenkampani nezimo zemakethe. Ungathola intengo yethu yamanje ku:

- I-OurShare Hub: kerryourshare.com
- I-dashboard ye-EquatePlus
- Kerry.com

4.1.7 Kwenzekani uma ngingakhokhelwa ngama-Euro?

Wenza inkokhelo yakho ngemali yendawo. Imingcele emincane nemikhulu yeminikelo isethwe ngama-Euro futhi iguqulelwa emalini yendawo usebenzisa isilinganiso sokushintshisana esivamile kusukela ku-1 Januwari kuya ku-31 Julayi.

Uma ukhokha ngemali yendawo, le nkokhelo uguqulelwa kuma-Euro ngaphambi kokuthi isetshenziselwe ukuthenga amasheya e-Kerry njalo ngenyanga. Amasheya akho adinga ukuthengwa ngama-Euro ngoba amasheya e-Kerry athengiswa ngama-Euro. Izinga lokushintshisana liyashintsha ngokuhamba kwesikhathi, okungase kuthinte ukuthi uthenga ama-Euro angakanani ngenyanga.

4.1.8 Inkokhelo ithatha isikhathi esingakanani?

I-OurShare iqhubeka izinyanga eziyi-12 futhi unethuba lokujoyina noma ukujoyina futhi minyaka yonke. Uma ujoyina i-OurShare ngoSepthemba, uzokwenza inkokhelo yakho yokuqala ngo-Okthoba. Inkokhelo yakho yokugcina izoba ngoSepthemba olandelayo. Ngaleso sikhathi, uzobhaliswa ngokuzenzakalelayo emjikelezweni olandelayo wezinyanga eziyi-12, ngenani elifanayo.

4.1.9 Ingabe kukhona izindleko zokuthenga amasheya njalo ngenyanga?

Cha – i-Kerry iyayikhokhela izindleko zokuthenga Amasheya Akho Athengiwe egameni lakho. Lokhu kufaka phakathi:

- Izimali ze-akhawunti yakho ye-EquatePlus
- Izimali zokuthenga nokwenza ukuthengiselana

Ulwazi olwengeziwe ngalokhu lutholakala ku-Terms & Conditions, ongazithola ku-OurShare Hub.

4. Isebenza kanjani i-OurShare

4.2 Amasheya Afanisiwe

4.2.1 Iyini i-Matching Shares?

Amasheya Afanisiwe angesinye sezici ezibalulekile ze-OurShare. Uma uthenga amasheya akho, i-Kerry ikunikeza amasheya angeziwe aziwa ngokuthi i-Matching Shares. Kunezimo ezimbalwa ezihambisana nalawa masheya angeziwe (bheka 'Ngithola kanjani i-Matching Shares?').

4.2.2 Mangaki amasheya afanisiwe engingawathola?

I-Kerry izokunikeza isheya elilodwa elengeziwe njalo ngamasheya amathathu owathengayo ngenkokhelo yakho. Inani lama-Matching Shares owatholayo lincike ezintweni ezahlukeni:

- Mangaki Amasheya Athengiwe owathengile
- Nokuthi ugcine Amasheya Akho Athengiwe iminyaka emibili.

Ungase ungabi namasheya anele okuthola i-Matching Share ephelele. Kulokhu, uzothola ingxenye yesheya. Lawa aziwa ngokuthi ama-fractional shares. Ngokuhamba kwesikhathi, lawa ma-fractional shares azohlenganiswa abe isheya eligcwele.

4.2.3 Ngiyithola kanjani i-Matching Shares?

Njalo lapho uthenga amasheya ngenkokhelo yakho, i-Kerry ibala ngokuzenzakalelayo inani lama-Matching Shares ongawathola. Ungawabona ama-Matching Shares akho angaba khona ekhula ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Nokho, awukwazi ukufinyelela kulawa masheya ngokushesha – kudingeka uhlale ne-Kerry futhi ugcine Amasheya Akho Athengiwe ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus iminyaka emibili kusukela enkokhelweni yakho yokuqala. Kukhona okuhlukile kulokhu – bheka isigaba sokuhamba ngezansi.

Isibonelo, uma ujoyina i-OurShare ngoSepthemba kulo nyaka, uzokwenza inkokhelo yakho yokuqala ngo-Okthoba kulo nyaka futhi inkokhelo yakho yokugcina ngoSepthemba wonyaka ozayo. Ngo-Okthoba olandelayo, wonke ama-Matching Shares akho azovuleka – eminyakeni emibili ngemuva kwenkokhelo yakho yokuqala, ngokusekelwe enanini lama-Purchased Shares ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Uma usuwenze inkokhelo yakho yokugcina, izinyanga eziyi-12 ezilandelayo zibizwa ngokuthi 'isikhathi sokugcina', lapho ama-Matching Shares akho evaliwe.

4.2.4 Ngingawathola nini ama-Matching Shares ami?

Ungawabona ama-Matching Shares akho angaba khona, futhi uwabuke ekhula ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Nokho, lawa masheya avalelwe iminyaka emibili ngemuva kwenkokhelo yakho yokuqala. Kukhona okuhlukile kulokhu – bheka isigaba sokuhamba ngezansi.

Ngamamasheya owathengayo futhi owagcinayo phakathi kuka-Okthoba kulo nyaka noSepthemba wonyaka ozayo, uzowathola ama-Matching Shares akho ngo-Okthoba wonyaka olandelayo.

4. Isebenza kanjani i-OurShare

4.2.5 Ngingawasebenzisa kanjani ama-Matching Shares ami?

Njengama-Purchased Shares akho, uma usunawo ama-Matching Shares akho, ungakwazi:

- Ukugcina amasheya akho ku-akhawunti ye-EquatePlus futhi uqhubeke nohambo lwakho njengomnikazi wamasheya e-Kerry futhi uthole ingxenye yenzuzo yenkampani njengamasheya angeziwe. Futhi, uma uneshaya elilodwa eligcwele okungenani, ungavota ezinqumweni zenkampani. Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe, bheka 'Kusho ukuthini ukuba nengxenye ye-Kerry'
- Ukuwathengisa wonke noma ingxenye yawo
- Ukuwathumela ku-akhawunti yakho yokuthengiselana yamasheya yangasese

4.2.6 Kwenzekani uma ngithengisa Amasheya Ami Athengiwe ngaphambi kokuhlangana kweminyaka emibili?

Ungumnikazi wama-Purchased Shares akho – ungawathengisa noma uwadlulisele noma yinini. Nokho, amasheya angeziwe anikezwa yi-Kerry atholakala kuphela uma ugcina amasheya akho ku-akhawunti ye-EquatePlus iminyaka emibili ngemuva kokuqala kwenkokhelo yakho. Amasheya angeziwe azosebenza kunoma yimaphi amasheya asele ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Lokhu kusho ukuthi ungathengisa amanye futhi usathola angeziwe kulawo owagcinayo.

4.2.7 Ngiyayikhokha intela kula masheya?

Ungase udinge ukukhokha intela kula masheya. Inani elikhokhwayo, kanye nendlela nesikhathi sokukhokha, kuhluka kuye ngezwe. Bheka isigaba se-'Intela' ngezansi.

4. Isebenza kanjani i-OurShare

4.3 Amasheya Enzuzo

4.3.1 Iyini i-dividend?

I-dividend iyingxenye yenqubekela phambili yethu. I-Kerry iphethwe abanikazi bamasheya bayo, ngakho uma sithola inzuzo, siyikhokhela kulabo abatshale imali kithi. Lokhu kufaka nawe uma ujoyina i-OurShare. Ama-dividends ethu akhokhwa kusheya ngayinye – okusho ukuthi uma unamasheya amaningi, uthola ama-dividends amaningi. Inzuzo incike ekusebenzeni kwenkampani, ngakho ayiqinisekisiwe. Uma sikhokha, kuvamise ukuba kabili ngonyaka, ngoMeyi nangoNovemba. Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe, bheka 'Kusho ukuthini ukuba nengxenye ye-Kerry'.

4.3.2 Uma ngijoyina i-OurShare ngiyawathola ama-dividends?

Yebo. Uma ujoyina i-OurShare uba umnikazi wamasheya e-Kerry futhi ube nengxenye ye-Kerry. Njengomnikazi wamasheya unelungelo lokuthola ingxenye yenqubekela phambili yenkampani. Noma nini lapho sikhokha ama-dividends, uzowathola kuwo wonke amasheya owathengile, kanye nanoma yimaphi amasheya angeziwe avuliwe. Ama-dividends azoguqulwa abe amanye amasheya, aziwa ngokuthi 'Amasheya Enzuzo'.

4.3.3 Ngiyawathola kanjani ama-dividends?

Uma ujoyina i-OurShare uzothola ngokuzenzakalelayo ingxenye yakho yenqubekela phambili yethu efakwa ngqo ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Lokhu kuzofika njengamanye amasheya, aziwa ngokuthi Amasheya Enzuzo – ukuze ubone inqwaba yakho ikhula. Kwamanye amazwe, umthetho usiphoka ukuthi sikhokhe ama-dividends ngemali esikhundleni samasheya – uma kunjalo kuwe, uzowathola ngemali ku-EquatePlus.

4.3.4 Ngizothola malini kuma-dividends?

Inani lenzuzo ye-Kerry oyitholayo lincike ezintweni eziningi, kuhlenganise nalezi:

- Mangaki amasheya e-Kerry (noma izingxenye zawo) owaphethe
- Inzuzo esiyenzayo
- Uma sikwazi ukukhokha ama-dividends nhlobo.

4.3.5 Ngizowathola Amasheya Afanisiwe kuma-Dividend Shares?

Cha, asikuniki amasheya angeziwe kuma-Dividend Shares.

4.3.6 Ngizowathola Amasheya Enzuzo kuma-Matching Shares?

Hhayi eminyakeni emibili yokuqala, kodwa sizokhokha ama-dividends uma amasheya angeziwe evuliwe.

4.3.7 Ingabe kukhona imingcele kuma-Dividend Shares?

Cha, awekho imingcele kuma-Dividend Shares. Uma esevela ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus, ungawathengisa noma uwadlulisele.

5. Ukukhokhela ku-OurShare

5.1 Nginganikela malini?

Ungakhokhela nganoma yisiphi isamba phakathi kwe-€10 ne-€200 ngenyanga (noma imali yendawo elingana nalokho). Lokhu kumele kube ngama-Euro aphelele – isibonelo, €12 noma €13, hhayi €12.50. Lokhu kuyafana nemali yendawo: kuzodingeka ukhethe inani eliphelele.

5.2 Ngingakhokha yonke imali yenkokhelo ngasikhathi sinye?

Cha, inkokhelo kumele ikhokhwe ngezikhathi ezithile. Lokhu kudonswa ngokuzenzakalelayo yi-payroll.

5.3 Ngingayishintsha imali engiykhokhelayo?

Yebo, ungashintsha inani olikhokha ku-OurShare noma kunini, nge-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Kuzodingeka unikeze isaziso senyanga eyodwa ukuze i-Payroll yenze izinguquko ezidingekayo. Inani lakho elisha lenkokhelo kusamele ibe phakathi kwe-€10 ne-€200 ngenyanga (noma elilinganayo). Kunohlelo lenkokhelo nesifinyezo samadethi abalulekile ku-[OurShare Hub](#).

